Agriculture.

1b

1/44

(59) s865 ~~A13/3~~ KB/21 Vilakazi,F.M.

1.

Ukudla.

Imbumbe nezindumba:- Lezizilimo kulikhuni ukuzohlubanisa. Ngoba ziyafana nako konke okwazo kuyafana. Noma zehlukile kuyinto encane kakhulu. Izindumba zinkudlwana zona kunembumbe kanti ukwenaba kwalezinto kuyafana. Kodwa imbumbe ihlanganisa kakhulu yona kunezindumba. Imidumba yalezizilimo iyafana yona mincanyane, mide kunemdumba kabontshisi, mufishishane okabontshisi.

Kuleli lasenzansi kuvame yona imbumbe. Izindumba zivame kwelasenhla ikakhulu. Noma kungesona isilimo sinye kwehlukene kancane. Izindumba ziyephuza ukuvuthwa kanti imbumbe iyashesha yona. Futhi imbumbe imnandi kunezindumba. Lesisilimo asifuni umuntu asiyeke size some kakhulu ngoba siyawohloka sona kalele

2. phansi sifuna umuntu ashesha ~~x~~ ukusivuna singakomi kakhulu.

Abamhlophe basilimela izinkomo zabo ukuba ~~x~~ zithole ukudla. Abanye basilimela ukuvundisa ngaso amasimu abo. Sithi sesilikhaba elihle bese besifaka phansi futhi basilime. Kokubili imbumbe nazo izindumba kwenziwa njalo.

Kokubili loku kuyaqumbisa uma umntu ekudlekakhulu. Yingako kungadliwa abantu besilisa. Kudliwa abantu besifazane. Futhi kunemgwili kokubili ngokufana uma umuntu engakukhethisisanga kahle. Kuyahlalelwa uma kuzophekwa kukhethwa.

Izindumba:- Kuthe ngempi yamaSwazi kanye namaZulu mhlazane kubangwa uNada inkosazane yamaVilakazi uZulu wabulawa indlala ngoba amaVilakazi azifihla izinkomo emgedeni nawo angena khona

3. emgedeni. UZulu usethola izimbiza nazo izindumba usepheka asedla. Abanye babulawa iyona indlala. Nazoke futhi zabaqumbisa izisu. Yingako izindumba uzifumanisa kuwona amaSwazi kakhulu. Nawo lomuthi awuthola khona ezintabeni zasobonjeni. Phela amaVilakazi ayakhe ezintabeni ephila ngokudla imithi nezithelo ayevamisa ukuba nendlala aze afunda ukudla imithi eminingi impela njengoba nezinkomo azithola ngokuzintshontsha kwazulu nakwaNgwane.

Imbumbe:- Nayoke ivama ukufumaniswa kuleli lasenzansi. Abantu kuthe ngendlala enkulu kaMandlantule baphuma abantu basabalala

MM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s865

bagcwala amahlathi befuna imithi edliwayo. Abanye bafa bebulawa imithi engadliwa bafunda kwabanye, abanye ukuthi kuyadliwa loku.

4. Nayoke imbumbe bayithola ngalezo zinsuku. Yandile emahlathini noma ingakhona namhlanjena abayishiyi abantu nezinyamazane.

<u>Isiga esishiwo izinsizwa ngembumbe</u>:- Kuthi enye intombi ngokweswela ifikelwe isoka layo yadinga ukuthi izolinikani. Kwakukhona imbumbe kuphela ukudla engahle ukupheke yase iyayipheka imbumbe yalinika isoka, kwaze kwasa isoka lingalele liqumbile.

Iculo:- Ntombi kangilalanga,
Kwaze kwasa ngingalele,
Ntombi yangala,
Yangidlisa umqhumbane,
Ntombi sala kahle.

Kulihlazo elikhulu ukubona umuntu wesilisa edla imbumbe, ikakhulu insizwa; kungcono umnumzane. Naye kodwa uyabatshazwa akuthulwa.

5. Izindumba ayazidla amasoka kwelasenhla. Kodwa nazo ziyaqumbisa. Akulona ihlazo noko nje ngembumbe kwelasenzansi. Kwathi kulo lasobonjeni indoda yabonakala ikhuluphele abantwana nenkosikazi sekufile indlala bathi uma bebuza ukuthi udlani wena, yathi, "ngidla umdumbadumbane." Kusho into engaziwa muntu, nayoke yayisho zona izindumba ngoba yayiziphekela khona emahlathini ingabonwa ibuye ngokuzolala. Kwahamba kwaze kwaba wukudla kwabo bonke, sebethi izindumba.

<u>Imvula</u>:- Lezi akuzona izilimo ezithanda kakhulu imvula kanti nelanga uma selilikhulu ziyafa. Futhi uma lina kakhulu ayitheli iyaye ikhule ngamakhasi njena. Kuze kube ngcono lona ilanga ngoba iyathela. Nezindawo ifuna lapho lingani khona kakhulu.

6. <u>Izindumba</u>:- Zivama ukutholakala kumazwe asenhla ezinkangala. Ezindaweni zamanzi azivumi.

Izinyoni ziyakudla loku kokubili imbumbe nezindumba kodwa akuzona zonke izinyoni ezidla loku amathendele ikakhulu namasele adla imbumbe nezindumba. Ezinye azikudli, kanti futhi izinyamazane aziyishiyi imbumbe nezindumba. Inyamazane evama ukudla loku iyona

MM
Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s865

impunzi emazweni asenzansi, kanti kwelasenhla kuvame iqhina ezindumbeni. Kodwa zimandla uma ziseluhlaza izindumba kanye nembumbe. Kanti futhi namabungane ayayidla imbali yembumbe nezindumba. Abanye bathi nezinyoka ziyayidla uma iseluhlaza. Zidla umdumba lona uthi ungaqina bese ziyehluleka.

Loku ukudla kwabantu besifazane ikakhulu. Amadoda a-
7 kudliswa indlala wona. Ngaphandle kwaloku awayidli imbumbe nezindumba. Phela esaba ngoba loku kudla kuyaqumbisa uma umuntu ekudlile. Kuyisimanga ngoba abesifazane abaqumbi njenga-madoda.

Ukulinywa kwembumbe nezindumba kuye kuthi uma abantu se-belima nayoke bayilime kanye nommbila. Kabakulimi kodwa loku, bakulima kanye namasimu omlulubila. Bavama ukuyilima emasimini, ayilinywa ezifeni. Kanti futhi bayayilima ezivandeni. Phela okwenza bangayilimi kwamanye amasimu njengesife njena yingoba ifuna ukulindwa. Kuze kubengcono esivandeni ngoba sisedizane nasekhaya. Nasensimini yamabele ziyalinywa ngoba ziyalindwa. Futhi akufuneki lapho kuhamba kgona abantu njalo
8 ngoba uma sezomile ziyabuleka. Akukuhle ensimini lapho kufulwa khona. Kuthathwa imbewu yalezizilimo iyahlwayelwa uma seyibuliwe yakhethwa futhi imigwili engasamili nemifele engenakumila. Nayoke iyafazwa njengommhla umuntu uyaye ayexu-banise nawo ummbila bese uyayifaza. Abanye ngezikhathi zanamhlanyena balandele izinkabi ngemuva bathontisele. Ziphenduka kanye abese umalandela njalo. Abanye balandele ngokwe sibili.

Kuyakuthi bangabona ukuthi sezomile bese bezingenela bezi vuna. Njengoba yinkomo yabesifazane ivunwa yibona futhi ainadoda kawangeni wona. Kufu neka abesifazane abazofola ba zivunele ezimbengeni ngisho iizihlelo ezinkulu zokuvuna.

Rm/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

8865

K13/21 4

9 Abanye bayayisiphula namahlahla ayo iseluhlaza bayeneke ezihlahlani yonke lekhona. Kune kuthi ngaphansi kwaso bal ngise ukuze bakwazi ukuyicosha lena ewohlokayo. Abanye beluke izihlandla zotswani bayi songe ngazo ukuze iwohlokele kg kgona ingenakali.

Kuthi uma isibulwa abesifazane bal ngise isiza sokubula. usezomema abanye besifazane bazombulisa. Kuqalwa ngokusinda soma isiza sithi singoma sekuthathwa izinduku kubulwa. Asecula amakhosikazi ebula ephuza notshwala. Sekweliva lalowo usethola ukuma ingene uma sekuphelile ukwela kwatauthwa futhi. Bathola izindishana noma imlenge njena umuntu ujabula adele.

Imbumbe nezindumba kuye kuthelwe ezimbizeni ngoba akulinywa amasimu amakhulu kulinywa izintwana ezincane.

10 Abanye njalo bayibeka ezinqolo baneni ingabuliwe badimde becaphuna akulingene ukubulwa kudliwe. Abanye bayibeke khona lapho ezihlahlani bayidlele khona lapha ize iphele.

Ukuphekwa kwezi dumba nembumbe kuthatwa amanzi abe amningi athelwe embizeni abe maningi sekuthelwa yonake imb mbe noma izindumba amanzi antante phezulu bese kuthi amakhoba antante phezulu bewe ng le bawalahle. Kwenziwa lokunjena sekukhethiwe imigwili namatshe. Kuye kukhethelwe esithebeni kuthi amatshe nobugwili kulahlwe. Kodwa akupheli noma ungakhetha. Kuyakuthi muva besekuthelwa izinkobe eseziphekiwe zithelwe kuzo izindumba noma imbumbe. Sekuthi uma esesho nile emanzi sekugovuzwa.

11 Kuthi uma sekwephuliwe besekuphakelwa bona abesifazane. Abanye bakuthanda kabi impela yikhona kudla abenza ngako umpakho noma bezohamba indlela. Kokwa abesilisa nabo namhlanje na sebeyazidla izindumba noma imbumbe. Nomphako sebenzelwa ngayo imbumbe kanye nezindumba nasekhaya yikona kudla asebekudla. Lalisabusa ngezinsuku amad da engayidli imbumbe nezindumba.

RW/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Amakholwa phela awakuethi wona. Yiwona ikakhulu uwafumanisa enze umphako ngaloku ukudla. Nasesitimeleni uyawafumanisa evula amabikili awo edla zona izindumba ne bumbe. Kodwa amasoka nawo akholiwe awayidli imbumbe yasemzini. Kudliwa ubotsanisi. Kwababingcayo kuselihlazo ukudla imbumbe nezindumba.

12 Imbewu

Njengoba ngishilo ukuthi abantu bayiwuna ngezindlela eziningi ezakukeneyo imbumbe nezindumba. Abanye abayisonge ngezihlandla bayaye basishiye esinye isithungo esiyinhlwanyelo sishiywa enqolobaneni noma khona emthini abanye basibophele emshaywenі wendlu. Kwenzela ukuba singa phehlwa. Kodwa enye ivele iphehlwe noma kwenziwe njalo. Kufuneka umniniso ahlale esilungisa. Umuthi wokuwimbela ukuphehlwa umlotha uye uthelwe khona enhlwayelweni ukuze iphephe ekuphehlweni. Abanye bayilengise endlini ebaswayo yikhona izofuthwa intuthu ingona kali iphehlwe. Kuthi nalaba abayibulile bayithele ezimbizeni bese befaka wona umlotha uluwimbela ukuphehlwa. Noma
13 ayithele embizeni endala bese eyibeka khona enqolobaneni athele wona umlotha. Iwona muthi omkhulu wokuvimbela ukuphehlwa kwembewu.

Kuyakuthi umasekuzohlwa yelwa bese uyayela umuntu useyihlanganisa nenye noma eyomhdbila. Phela uma isabekiwe kayeliwa njengoba sebenza namhlanjena bekubekwa njena. Uma yeliwe iyashesha ukuphehlwa. Abanye njalo usethi angabona ukuthi ihlobo ayihlalele eyikhetha uma iphehliwe imbewu. Kuye kukhethwe lena esidliwe isale yona. Naloku okuyunfece. Kodwa akuwamile loko umuntu we eliswa ukuyela. Abantu babe ngabuki ubuhle bembewu noma incane yabe ilungile uma ingaphehliwe noma ingavuthwanga.

14 Umdumbula.

Lesilimo asandile kakhulu kuleli lakithi. Amacembe

R.V

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

aso afana nawo umhlakava. Kuba yizihlahla ezimfusha nyana. Uma ungananile ungathi isihlahla sasendle njena. Uma umuntu ekuhlwayela ukuhlwayela ngenduker. Bavama uku kulima emazaleni eduzane nasekhaya. Abakulini kodwa amasimu. Kona umasekuthela ungathi ubatata kuba kuningi esihlahleni sisinye. Aku zimuki njengobatata. Futhi ezihlahla zomdumbula azenabi zona. Zikhula ziyephezulu.

Nesithelo sawo kuba njenge zimpande njena. Akuyifuni
15 indawa enothe kakhulu. Kufuna indawo ewumqatho ukuze sengathi kuyazinuka.

Uma sekuphekwa baye bakumbe kuthi umaseku zofakwa ebodweni umuntu akugeze kahle ngemvalwa loku sekuyaphalwa ngombese. Kuyakuthi uma sekudliwa bese bekuhluba futhi. Kodwa umdumbula uyaqumbisana wona. Futhi uma uwudle kakhulu umuntu uyamgulisa. Nomuntu uma eqala ukuwudla uyamgulisa futhi. Kuhle umuntu awudle kancane aze awujwayele futhi awudliwa umthambo opuakathi uyagulisa wona. Bathi kumnadi abakujwayele. Kuva uma ukuhlwayelwa emazaleni. Yinto engahluphi kakhulu
16 iyakhula njena noma izulu lingani kakhulu. Sona esilimo sasenzansi ngoba kwelase nhla asikho. Makhona enzansi sithanda eduzana nasolwandle.

Umolumbula awufuni ukuba kuphonswe amathambo umakade kudliwa inyama. Uma umuntu ethuke ephonsa ithambo phakathi kx kwawo uyabola phansi. Abanye bathi, awufuni ukuba umuntu wesifazane awumbe emikabi inhlawumbe eye emfuleni usuke bese uyab la wonke nalona awushiyile akawumba.

Kuthi uma sunezihlahla ezinkulu bese uyab thezelwa ukuze uthele kakhulu impela. Kodwa omunye weluleke nge zimpande
17 uma utshalwe umuntu wesifazane kade esendodeni. Kuyahlonishwa ukuya emadodeni uma x k zothi twa ukudla. Noma owesifazane esetsintsanini uyahlonipha anga kuthinti xxxx ukudla. Kodwa namhlanje na akusenziwa loku. Yingako ukudla kungasandi njena ngoba umthetho abasawugcini abesifazane nabo abesilisa.

Ro./

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umdumbula lona bawuthatha emahlathini ikakhulu aseduzane nolwandle. Nyambi wa kanti uhlwayelwa nje ngobatata wona. uhlwayelwa ngezinduku zawo. Abanye benza umuthi ngawo ikakhulu uma umuntu ebuyisa njalo noma ukudla kungasahlali kahle. Nawoke ama doda ayawumba efuna ukwelapha ngawo. Nawo futhi

18 kuhle azile ukuze uvume ukumila. Uma engawuzilelanga uyafa ubole kube nezilwane ezibudlayo.

Lomuthi njengoba ngishilo ubangelana isisu esibi kubantu abanye. Umuntu uyaqumba uma ewudlile. ufuna athi angawudla aphuze noma utshwala ukuze ubengoono. Umntwana yena uyayaze aohathwe ukuze aye ngaphandle. Kodwa uma sebewujwayele ulungile awoni lutho. Bathi umthanjana ephakathi ayidliwa iyalahlwa ngoba iyona eyenza umuntu abulawe isisu agule futhi.

Lomuthi wona uhlwayelwa ekhaya. Akuwona umuthi ohlwayelwa kude nasekhaya. Akwenza loku yiko ngoba uyanakekelwa.

19 Njengoba sengishilo akukona ukudla kwamadoda loku awawudli, umdumbula amadoda enzangawo umuthi.

Njengoba into engalinywa ibeningi kwenziwa kulingane njena. Kulinywa kanye nezintanga uma selethwese ihlobo. Kuyashesua ukuwuthwa futhi. Hembewu yomdumbula ayikhethwa ngoba kuhlwanyelwa izihlahla zawo. Kuye kubekwe amalunga. Amanye ashoniswe phonsi ukuveza izimpande amanye abengaphezulu akhiphe amaaconbe wona. Kufuna umhlabathi omningi ngaphansi ukuze kuthele kakhulu.

Uma usuhlwanyelwa kuqale kulinywe bese kumbiwa izisele zokuwufaka.

20 Kuthi uma se6bewufaka a6anye 6awulingisa umo6a 6awulalisa umo6a 6awulalisa phansi bahambe beveza amalunga ukuba kuphume amaoenbe. Abanye bayawugxumeka amanye amalunga ashone phansi, amanye abe ngaphezulu. Ziningi izinhlobo zokuwuhlwayela.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Um ntu osemusha akavunyelwe kuwuphatha umdumbula. Kuyek thiwe ~~itn~~ inzalo kanakuyithola. K thiwe nabantwana bazoba l la bashishe bafe uma kufika umkhuhlane. Nezingane bezingavunyelwa ukusondela lapho kusetshezwa khona umdumbula. Ubuphathwa abantu abadala. Izalukazi yizona bezuwuthanda kakhulu umdumbula.

21 Idata.

Kukhona amazambane asendle. Wona mancane kakhulu kunalana asekhaya. Ngombala ayafana kodwa wona sengathi afuna ukuba luhlazana. Uma umuntu ewadla luhlaza ayakhakha emlonyeni. Noma esephekiwe ayakhakha uma umuntu ewadla. Izihlahla zawo zincane amacembe azo kodwa afana nawo lana amanye amazambane. Nembali iyafana uma ebalasa.

Uma umuntu ewalime unyaka wamunye amila njalo. Awasheshi ukuphela lapho alinywe khona. Abantu ke bawathanda ngako loko. Usede ewahlakulela umuntu athele kahle futhi.

22 Phela wona ayalimela ngisho nelanga. Awasheshi uhudumala. Kante nokuvuthwa ayashesha. Noma izulu libalele kuthela kuthihushu kakhulu. Inkani uma umuntu ekubuthezele kahle.

Kuthena ngesikhathi sendlala abantu bawamba lamazambane kona ezinhangala ezindaweni ezingama duduzi. Base bewalima ekhaya. Nangempela avuma bavama ~~wu~~ ukuwalima nawo ummbila abanye. Abanye bawalime kanye nezintanga. Abakulimi kanye konye kuthi umasebe buthezela besebehlwayela ummbila noma yizo izintanga. Kuzakuthi uma esevuthiwe izihlahla sezishile

23 bese becela inivume komkhulu ukuba bawambe.
Umuntu uyaye ameme abanye ukuba bamumbise. Sekawamba ngamagelja abo.
Uma eseqedile ukuwamba use hambisa okuneane ngesihlelo akuse enkosini ayo kwethula. Uma umuntu evune kungakabi yiso isikhathi wenza njalo. Loko phela ukuhlabana. Sekuthi

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

okusele lapho usekusa ekhaya ayokugcina khona. Usethatha ekufaka enqolobaneni usekweneka khona. Njengoba nomdumbula wenekwa enqolobaneni. Abanye bathathe bakweneke phezulu emithini bakwemboze ngotshani ukuba kungabuniswa ilanga.

24 Abanye abawavumi kungakabi yisikhathi sokuvuma. Basuke benziwa yi ngoba bengena ukuyokwethula uma kukuncane. Phela nezinyawo zenduna uzihlaba inhlanhla ngoba iyona ekukhulumele enkosini. Umuntu njena akanawo amandla okukhuluma nenkosi ubesiwa izinduma zakhe enkosini. Uma induna ikuhambele enkosini ubuyiholela.

Nawoke amadatha ukudla kwabesifazane. Amadoda abephila ngomasi nangezi nkobe. Akunye okuningi bekuwukudla kwabesifazane. Nawo belo amakhosikazi abengawadli amasi nenkukhu abengayidli. Utshwala obokudliwa uwo wonke umuntu nowesifazane naye owesilisa. Bekuba insini uma mdoda idla umfino nokudla kwabesifazane.

25 Imbewu yomdumbula nedata.

Bekuthi uma usumbiwe umdumbula bese uyomiswa kahle. Kuthi uma sewomile nalo idata kuthathwe kwenzelwe izihlandla kufakwe khona bese kukhwezwa engolobaneni Abanye njalo bakukhweze khona ezingungwini phezuhommbila namabele. Yingakophela owesifazane uma ekabi ubengasondeli ezingungwini. Ngisho uma eye emfuleni noma encelisa umntwana omncane. Phela bekubola loku umdumbula nedata. Futhi uma amanzi engenile engungwini bekubola. Abanye bebekulengisa khona endlini ngazo izihlandla lezi. Phela enqolabaneni bekususelwa amagundwane. Kodwa

26 iningi likususela ukubola, ngoba nakuyo ka inqolobane kuyasuisa njengaseng ngwini. Nasenyangweni futhi bekunga bekwa ngoba kungabola.

Abaningike bebe tnatha utshani babendlale phansi kwenqolobane bese be kutnela bekweneka khona bakufulele kancane ngotshani.

R'/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Uma umuntu enzenjalo bekuphuza ukubola. Bekugcinwa njengamatnanga. Uma umuntu engenzangenjalo akwakhele nqolobake engafulelwe evulekile phuzulu ukuze kushaywe umoya besekhunlupha izulu umalina. Naphansi kwemithi osekhaya bekubekwa kwembozwe khona ngotshani kungakhanyi emehlweseni abantu ngoba banga kuntpohontsha masishmne. Bekhuthukuswa ukudla.

27 Uma umuntu esebona ukuthi yisikhathi sokuhlwayela usebeka loku okumamehlo asebukhali Nokunye uma kungakaboli usekuthatha okuhlwayela. Aban e babesizakala ngamahlekhizela kube yiwona abawahlakulelayo. Abanye bawambe bawahlwayele kabusha. Konke loku bekwenziwa abantu besifazane. Uma selethwasa ihlobo kungaqhuma kuhanjiwa kumbiwa komiswe kancane sengathi kuyabuna bese kuyahlwayelwa futhi. Kodwa bekwe thenjwa kakhulu kuwona amahlahlozela ahlakulelwe. Umdumbula wona bebewunquma izinduku zawo kubeyizona bazihlwayelayo. Bezigcinwa enqolobaneni. Noma kukhiwe ezamakhikhizela.

28 Umgomeni.

Umuntu uma engayimaki sisanga imbumbe nezindumba angathi yiso. Kodwa umgomeni wona wehluka ngoba mncane kakhulu kunembumbe nezindumba. Futhi nangombala wehlukile umgomeni ngoba ulukhaza wona njalo njena. Noma usuvuthiwe ufana nalentshisi wona kodwa mncane kunolentshisa.

Umuntu angawulingamisa nentandelo evama ukufumaniswa ezindaweni ezinamanzi ezizinsile.

Wonake umgomeni utholwa khona emenweni asolwandle njengoba nanamhlanjena kuseyisilimo sasolwandle kulaba abakhele lona.

29 Kumazwe asezinkangala kulinywa ezingadini kuthelelwa ngamanzi ngoba kuyawa fina. Kodwa phezu kwako loko akuchumi ezindaweni zasezinhangala. Yisilimo sasenzansi sona. Uma umuntu esiphekile asekhukene ku nembumbe nezindumba. Yiso futhi isilimo esin athandwa ngabesilisa. Kodwa amakholwa ayawudla nawo awesilisa. Kodwa amabesun awawudli umgomeni.

K../

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Uyagumbisa kakhulu uma umuntu ewudlile wona. Kunesiga sokuthi, "Wasuza njalo udla umgomeni yini". Phela umuntu owudlile ubonakala ngokushipha njalo. Izingane ezincane zibonakala ngokubulawa izisu. Phezu kwaho loku bayawudla abantu. Nawo amadoda uma izulu lomisile ayawudla. Njengoba nawo

30 amfino bayawundla amalibalele izulu.

Kuyekutui umasekulinywa ummbila namabele bese bayawuhloanyela nawo umgomeni. Njengoba behlwayela ~~imbumbe.~~ ~~kjgengeba~~ imbumbe. Abanye uma sebehlakula bahlakule ngawo. Phela wona uyashesha ukuvuthwa kunommbila namabele. Kuthi noma sekuyisikhathi sokuwuhlakulela ungabe usahlakulelwa kodwa uyaye uthele. Uma umuntu ebona ukuthi usheshile ukiwuthwa awuvume uma esethole mvume enkosini. Ukuvunwa kwawo usiphulwa kanye namakhasi awo uma kungakabi yisikhathi sokuruna. Usunekwa phezulu esikhahleni kuze kufike isikhathi leso sokubula.

31 Phela nakhona esihlahleni lapho wenzelwa isihlandla ukuze ungawohlokeli phansi kanti uwohlokele kusona isihlandla leso. Akuvunyelwe ukuba umuntu oncelisayo asondele lapho ilinywe khona lemithi umgomeni nayo imbumbe sekumanje lapho usebona nowesifazane encelisa eyivuma. Kunjengo gwayi. Ugwayi lona wawuhlwayelwa abantu asebekhulile. Uma umuntu omncane ehlwayela ugwayi bekutuiwa akanakuyithola inzalo futhi noma ethoka eyithola ingaphili kahle inzalo yahle.

Insimi lapho kuhlwayelwa khona umgomeni imasimu ebingabikho ngasendleleni. Umuntu ubeyilima kude nendlela yabantu.

32 Noma sekulindwa bekulinda yena ongancelisi ikakhulu izingane ngoba zona zungahlangani nabantu besilisa.

Phela enye into ebingavunyelwe uma umuntu ezophatha ukudla ukuba ahlangane nowesilisa. Waye aweselisa ubemzila owesifazane uma kuphuma impi. Phela uma ethe ela empini wabehlangene nowesifazane ubengabuyi loyo. Ubesala khona empini.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s865

K13/21 12

Noma kuqhudelwana uma izinsizwa ngabo lobo busuku kuzakusa zisine beziba nesinyama zehlulwe. Nakuwona umshado wamakholwa akuvunyelwe ukuba umuntu ahlangane nabesifazane uma kuzosinwa bavama ukwehlulwa abakubo.

33 Nakoke ukudla bekuhlonishwa. Umuntu ubengayi endodeni uma ezona emasi ini. Nabesifazane uma besasebenza ukudla bebeyizila indoda. Noma kwelashiwe ukudla bebezilana abantu abadala. Nazoke izintombi nezinsizwa bezizilana ngalezo zinsuhu.

Nokuchama ensimini bekuzilwa kakhulu. Umuntu ubengachami ensimini ngaphandle uma esemdala kakhulu engasayitholi inzalo. Kodwa obayithola ubengalokothi achame ensimini. Kunjenga khona endleleni bekungachanywa. Umuntu ubaphambuka ibanga elikhulu uma esephisiwe.

Nawoke umgomeni ubuhlonishwa uma umuntu ezowuphatha.
34 Kante yonke nje insimu ibihlonishwa bekungahanjwa kuyona ngokwesaba abantu ukuthi bazokubulala ukudla. Umuntu ubehamba emyeleni wensimu leyo. Uma umuntu ekuva hamba phakathi ubethola icala ahlawuliswe. Noma efuna ukukhuluma noma intombazane ubevilindela, ayibize ukuba iphume ~~xx~~ ensimini leyo. Uma engemile ubethola icala.

Ukuze ukudla kwandle kuyahlonishwa. Yingako ukudla kuqala bekwa nda kakhulu kumanamhlanjena. Noma ulima insimu enkulu akusavumi ukudla. Nalapho kugcinwe khona bekungenganywa yibo bonke abantu. Yilowo muntu omaqondana obephatha ezilulwini nasezi nqolobaneni.

35 <u>Udonga</u>.

Kukhona esinye isilimo esaziwa kakhulu kulele lase nzansi kwa zulu. Lesisilimo sithi asifane nonsangwini kodwa senamacembe amakhulu kunaye. Umasesithe la

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s865 K13/21 13

sinoṁdumba ovama ukuba ngamthatnu. Unasesivuthwe uye uzwe izinhlamvu zinesneza phakathi emdumbeni. Zivama ukuba ziningi kulenudumba izinhlamvu. Zinoane kakhulu zona zithi azibe ngangamabele kodwa azifani nawo amabele.

Lesisilimo sasingaziwa lapha kwazulu, nanamhlanjena asinakiwe kakhulu. Kuthena ngesikhathi kubusa umpande
36 kwavela umbango kumaSwazi abantwana benkosi babanga isibabanga isikhundla. Kwathi uNyamayenja wabaleka nabantu abaningi wase wakha kuleli lase Dumbewaoe a indawo kumpande wawe mukela ana Swazi kodwa uNyamayenja we dlula yena nabanye. Kwathi laba abasala kwath lakala kubona lesisilimo njengoba leyambazi lalingaziwa kwaZulu lap lafika nawo amaSwazi lawo. Asebonakala emhlayela amaSwazi udonqe. Uzulu waye bona sengathi umuthi njena enganakile. Lesisilimo sifuna indawo yasenzansi eduze nasolwandle, Njengoba futhi igcwele kwesika matubatuba kulaba bakwa Mkwanazi . Phela bona basondelene no-
37 lwandle. Futhi uthanda indawo yamafenye esengathi ihlale amanzi.

Izinyoni kazuvudli kakhulu udonqe. Into wama ukuhlupha izinyamazane ziyalindwa zona. Njengempunzi nabo onogwaja. Emazwini asenhla kuhlupha amaqhina. Kakuzona lezisodwa ziningi ezinye ezinyamazane.

Wonake ukudla okumnandi uma umuntu esewujivayele. Wonake awuqumbisaná njenge mbumbe nezindumba. Njengoba ufana namantongomane nokuphekwakwawo kuyafana nokwawo. Uyathoswa bese uyagaywa inhlama kwenziwe isitshulu. Phela unamafutha udonqe a madoda ayawudla udonqe batshobela ngawo amaphalishi.
38 Kufana naso isitshobelo sama ntongomane, kodwa simnande esika donqe. Into njena awanda kakhulu noma umuntu ewuhlwayele awuvami ukwanda. Abaningi abantu bavama ukuvuhlwayela ezifini bawuxube nomnbila.

Rhl/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Uma usuhlwayelwe uyafana ukuzilelwa kwawo njengoba sengishilo neezindumba kanye nembumbe. Futhi uma usuvunwa kukhiwa yona imedumba yawo bese yomiswa kahle kande ibulwe. Kuye kwenziwe isiza noma ekhaya noma emasimini bese sisindwa usuthelwa lapho sekubulwa ngezinduku. Abanye bawugcina bengawubulile bawenzele izihlandla ezincane zokuwusonga ungahlohlokeli phanzi uhlohlokele kuzona izihlandla lezo. Usede

39 ewuthatha ngezihlandla umuntu ewubula ungaka sonjululwa uma efuna ukupheka.

Uma usubuliwe uye uganiwe ezinyangweni noma ezimbizeni uhlanganiswe nawo umlotha ukuze ungaphehlwa. Wonake awufakwa ezingungwini. Noma umuntu ewufaka khona uwubeka ngembiza njenge zindumba nembumbe m nokuhye ukudla ngaphandle kommbila namabele akuthelwayo njena phansi engengwini. Amathanga wona abekwa phelazulu kommbila noma amabele. Nakhona enqolobaneni bayawubeka ngezihlandla kodwa ngokwesaba amagundwane abakuyeki isikhathi eside lapho.

Inqolobane iyahlupha ngoba inamagundwane namavemvane

40 aphehla ukudla lapho. Into enhle kakhulu ekugcineni ukudla ingungu noma nayo yenza isangcobe kante futhi umalina kakhulu amanzi angena kuyabola ukudla. Inyangwe yona ikugcina kahle ukudla kodwa nayo akhona amagundwane. Kodwa inhle wayelo enhle egcinwa enyangweni.

Njengoba udonqe unezinhlamvu ezincane ubuthelwa ezimbizeni noma ezindala ezingasabesebenzi utshwala. Abanye bathathe zona zotshwala namaqoma. Phela kunamaqoma amahle afana nazo izimbiza. Futhi ubunga vami wona ukuphehlwa njengenye ihlwayelo. Udonqe ubugcinwa njenge mbumbe nezindlubu.

41 Ukuhlwayela: Bekungaphumi muntu ukuyolima inkosi ingakasho abantu bebelindela izwi lenkosi ukuba maliphume kuqala. Yayoke inkosi ibenezinceku zayo eziyisizayo kulezizindaba.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s865

K13/21 15

Kuyakuthi uma isilulungisile loludaba nezinceku kubizwe izinduma. Yizonake izinduna ezizokwanalisa loku ukukhuluma kubantu ukuthi inkosi ithi mabaphame. Beku ngabonakali umuntu esukela umhlabathi wenkosi lingakaphumi izwi komkhulu ukuthi sebengaphuma manjena; Umuntu onjalo ubengahlawuliswa yinkosi.

Bekunezinyanga ezelapha ukudla.. Kuthike abantu bayo kwethula inhlwayelo yabo enkosini. Nazoke izinyanga sezelapha lenhlwayelo ukuze ukudla kubekuhle. Abantu

42 abangenayo uniali bebe ngayelaphi e akbo inhlwayelo. Izikhulu ebeziba nehlwayelo e elashwayo. Phela bekuphuma izinkomo ngokwelaswa kuenhlwayelo. Nensini okuqalwa ngayo ukuphunywa eyenkosi ngenwa abantu sebezoziphumela. Kunensimu yesizwe yenkosi. Noma sekuhlakulwa kuyaphunwa kuyiwe kuyona. Kunelanga abantu abahlangana ngalo kulensimu liyamenyezelwa.

Nanamhlanjena abantu baphuma nezipani zabo bayolima ~~ix~~ insimu yenkosi. Ngemva kwaloku umuntu use ngaphuma ayolima eyakhe naye. Loku ukuphuma kanye kanye bekwenzelwa ukuba abantu baqoqe nempahla yabo ngoba uma kulima ngamunye bezingabamosela abanye kungabi ndaba zalutho. Futhi beku-

43 vuswa abantu ukuthi yiso isihlathi sokulima lesi. Usubona bonke abantu besifazane belukula bedlela phezulu manjena. Nongenalo ikhuba uselifuna ngokushesha. Nomyeni wakhe usemkhuthaza ukuba aphume. Nenduna isimemezela ukuthi abaphume abantu seliphumile komkhulu lelo zwi.

Namadoda asephuma ehambe ezifunela utshwala aye nahomkhulu ngoba asenesizungu ekhaya amakhosikazi kawasahlali ekhaya. Notshwala sebuba yindlala ngoba amakhosikazi avuka ngesokusa aze liyoshona. Nezingane sezibulawa endlala emakhaya, sekusele omzanyana nazo. Phela ngoba amasimu asondelene nalowo akafuni ukushiywa.

44 Uma sekuhlwayelwa uma isitholiwe imvume enkosini bese kuyaphunywa ngemvula elandelayo noma ngazo lezonsuku ezishilo

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

inkosi uma kusemanzi emasimini. Uma sekomile kubuye kukhonjwe elinge ilanga uma izulu selinile. Lona umsebenzi wezinduna zona zihamba njalo koMkhulu. Ngaphandle kwaloko ziyathunyelwa ukwazisa abantu bazo.

Uma sekuhlwayelwa, kuqala ngokufaza inhlwayelo leyo. Isuke ixutshwe noyommbila namabele nezindumba noma imbumbe. Abantu bebangayehlubanisi imbewu beyifana njeyonke ihlanganiswa Kunamhlanjena lapha sebeqala ukuyehlukanisa. Kodwa noma kunjalo imbumbe nokunye okufana nayo bayakuxuba nommbila noma namabele.

45 Kwenza ngoba abalimi amasimi amaningi. Futhi abavunyelwe ukumosa umhlabathi wenkosi ngokuvulima namandla ok lima amasimi amaningi abanawo ngoba balima ngomkhono. Ukuqatha umhlabathi umsebenzi wabamhlophe. Kufike nabo abantu ubethi angahesha kahle umuntu bese uyashisa usengena njalo usehlwayela.

Ukuhlwayela lokunako kunhlobo ningi ngoba abanye bayafaza emasimini abo. Abanye baqala ngokulima bese begxubula bayimumathe ngomlomo nihlwayelo lena bayithontisele eziseleni ezimbiwe. Uthe egxibula abethontisela abuye agqibe ngonyawo noma ngalo igeja. Abanye kavele bagxibule x khona esikhotheni aphikhe ngokuthi useyohlakula njena. Kakhulu efusini umuntu uvama ukugxibula azi ukuthi useyohlakula.

46 Okunye amakhikhizela kawabulawa noma awaluphi uhlobo umuntu uyawakipilizela awashiye. Noma esehlakula akayeki ukuhambe efaka phansi ~~xxx~~ noma izindumba. Kakhulu isimu uma inkavumanga. Umuntu uthi x uma esehlakula aphinde ahlwayele futhi.

Abantu bakwazulu uma belima ngemikhono babe sebenzisa inkubazane. Lenkubazane yayenziwa yibo abafundile ukuyenza bese iyathengwa ngempahla. Abangenalutho njalo sebephila ngokukhonza kwabanye ~~ge~~ ngokunceedisa yikhona nabo besobanceda uma sebelima x awabo amasimu.

Km/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s865

K13/21 17

Isihlupheki zazizisebenzi zalaba abanahoukuze zisinde kubo. Abanye njalo ngokuhlupheka bonabe joja bese behlwayela, bejoja ngimduku usazi umuntu ukuthi sengofuna igqa lokuhlakula kwabani.

47 Omunye aphumelele kanjalo omunye angaphumeleli bale abantu nokudla kwakhe sokuyonakala njalo. Amahalavu nama geja izinto ezifike nabo abamhlophe lezibezingekho endulo bekuyinkubazane kuphela eyayaziwa.

Umuntu wonke ubezihlakulela nezingane zakhe. Kukhodwa uma ezanzela ilima ngotshwala amene izikhobo zizomsiza. Ilima elikhethele izihlobo zodwa wonke umuntu ongumakhelwane ubesiza, nesihambi sendlula ngendlela sisize naso futhi. Umunye sekuza izihlobo noma omakhelwane bazomhlakulisa usezoba nika okulingene amandla abo uma esebilili. Loku kwenza kuthiwa ukuhlakulisa. Kanti nokuvumisa kukhona. Umuntu ubengahali imali njengoba kwenza abamhlophe namhlanjena

48 umakulitoho noma ubasiza. Umuntu ubehola loko omusize ngako noma umsize kuke wena. Uma umsize ekuhlabeni inkomo ubuthala amantshontsho uma seniqedile. Noma umsize ngokumpekisa utshwala ubuthola ukhamba. Utshwala bebuyinto enkulu impela bona ekusizeni nase kuhaleleni njengoba nanamhla basakwenza.

Abantu abaningi bebevama ukuzihlakulela nezingane zabo kuphela. Ikakhulu abantu abangenalutho lokwenza amalima nokuholela abavunisi nabahlakulisi.

Njengoba sengikengasho imbewu ibihlanganiswa kungakhethwa ibixutshwa nganabomu umase kuhlwayelwa. Noma iyiphi imbewu ibihlanganiswa noma ngayiphi nazi futhi ezinye izithelo bezihlanganiswa bekungekho ukuthi lesi ngizosihlanyela lapha yana. Uhlelo belungekho njengoba sesazi namhlanyina.

49 Amalima yinto enkulu kubantu abamnyama. Ilima lenziwa ngotshwala noma ngenyama. Lezizinto ezimbili eziphambili kubantu abamnyama. Kuye kuthi umuntu ameme abantu omakhelwane

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

bakhe ukuba bamsize ngelangalelo utshwala bobe sebulunge ngalo. Nayeke uma emema ulinganisela ukudla loko anako akonzi amawala ngoba abantu bangalwa naye lowo muntu. Amalima enziwa noma kulinywa noma kukhakulwa nalapha kuvunwa nomasekubulwa. Iwona kuwumsebenzi omkhulu impela kubantu. Kukhona futhi nokusizana uma behlezi kahle bayasizane nasekulimeni nakukuko ukuhlakula noma kuvunwa noma sekubulwa. Ukusizana kuhambelana nabangani nezihlobo. Umabebona ukuthi uyagula babe musiza

50 ayi izihlobo zodwa noma abanganekhe nangaphandle ungaguli bayakusiza abayisihlobo zakho nabangane bekho.

Uma bekusiza akuswelekile ukuba ubaholele nawe uyaye uphundine ngako ikubasiza. Inga niphela lesisiga esithi, ikhotha eyikhothayo) sikhuluma kona luku. Nawe usiza okusizayo nayefuthi uyakuza kuwe. Umabekusiza wena ungabe usabasiza abasenakukusiza ngisho namini. Umuntu obengasizwa futhi uyena umuthakathi ngoba kwesatshwa ukudliswa nokubulawa. Ubesatshwa kakhulu umuntu othakathayo uma nawe ngisho ungathakathi uhambela umothakathi bekugcinwa ngokuthiwa nawe uyathakatha nezangoma zikumuke futhi. Uma unenhliziyo embi ubugcina unguyena umutabathi futhi.

51 Kumnandi ukuhlakula elimeni, futhi noma wenulula ngendlela awukhohlwa abantu abajabulayo. Ufumanisa insini isiphezulu wonke umuntu enamile. Nonosisi uyakhohlwa. Nokusebenza kwalabantu kuyabonakala baya ahashisa. Kodwa abahlakulisi. kahle. Umsebenzi welina uyahalalisa awusebenzisisi kodwa wona uyashesha.

Okwenza abantu baoule bajabule yibona utshwala. Kuyekuthi ekuseni lithathe umbamba nduku ukuze libenamandla. Sebeya ensimini sebethe ngqa abanye sebeswakeme. Sekuthatha ukhamba olukhulu kuviwa nalo ensimini noma imbiza ndena akuthathwa enkulu imbiza kusiwa encane. Kuzakuthi angabona

52 umnini wensimi ukuthi sebenzile sebefuna ukuthamba



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s865

K13/21 19

sekuyohlalwa phansi usezithunga futhi izinhamba sekuphuzwa. Kuye kuphuzelwe phansi komuthi uma kunelanga. Kuzohlalwa isikhathi eside lapha phansi kuphuzwa kuxoxwa futhi. Uyena umnini welina ozobasukumsisa futhi. Sekuba yiso leso uma busasele usezothi engabona ukuthi sebesebenzile aphinde futhi abahlalise phansi.

Kuzakuthi nezihambi zisondele zibambe ziphuziswe bese ziyendlula. Akuwona umthetho ukubambela umuntu odlula ngendlela uma engabambi ngisho negeja. Umuntu ucela ngokubamba igeja. Uma ebafumanisa behlezi phansi uyaphuziswa lowo. Akukhethele ukuthi awakuphi xxx lowo muntu noma engaziwa.

53 Phela uyena. Umuntu wokuhamba obaziswa kakhulu impela kunabo bonke abantu. Kwaziwa ukuthi, unyawo alunaampumulo. Wohamba nawe uze uphonseke ku yena lomuntu naye akuphathe kabi uma nawe wamuphatha kabi.

Endulo bekungaqomiswana otshwaleni. Phela ukuqomisa bekuyimfihlo kungasondeli koyise noma manjana sekwenziwa njena. Amadoda abezihlalela odwa umakunelima nomasekuphuzwa, kodwa zona izindaba zokuqonisa bezikhulunywa ngomame. Nawo amantombazane. Sekuyenzeka izinzizwa zeshele khona lapho ensimeni kodwa akuvamile. Kuyakuthi uma sekuphelile ukuhakula kuyiwe ekhaya sekuyophuzwa mpela manjana.

54 Lulodwa ukhamba lwabesifazane ngisho izimbiza uma bubumingi. Kolalaba besilisa lulodwafuthi. Nendlu yabesilisa iyodwa neyabesifazane iyodwa akuvunyelwe umuntu wesilisa avame ukuyophuza ngakwa besifazane. Bangamuphuzesa njena uma efika. Nabo abesilisa bangamphuzisa owesifazane abuye e kubona abesifazane. Nabesifazane sebezisinela nabo abesilisa bazisinele bodwa. Bangasondla bab ke abesifazane uma kusina abesilisa. Kuyinto enhle ukubukela umakisinwa. Izigangi ezeselayo ngoba umuntu ohlakaniphile uyazi ukuthi iningi liyabona ubube de kante futhi akuvunyelwe. Baye bacuphe umasekuhanjwa bese

R./

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

8065



bayesnelana. Kodwa nakhona lapho akwenziwa abala.

55 **Amasimu**

Umuntu ubengavunyelwe ukuthengisa ngokudla. Ukudla x iyona nto ebeyaziwa kakhulu. Umuntu bethekelisa, avunise futhi ahlakulise alimise futhi bese uthola ihalo ngaloko. Kodwa ukudayisa ngokudla umkhuba wabamhlophe lona. Kubantu awuzange ubekhona. Umuntu odayisa ngokudla ngisho nanamhlanjena uyesatshwa kuthiwa uyamosa ukudla. Yingako ukudla kungasa tolakali ngoba sekudayisa.

Nako loku ukuthi umuntu asebenzele omunye into yabamhlophe kubantu umuntu. Ubemsiza omunye k bese uyambonga naye
56 ngomsebenzi amsize ngawo. Bekungekho ukuthi umuntu uyakola. Kodwa namhlanjena sekukhona umuntu usuyamholela uma ekulimele insimu yakho ngezinkabi zakhe. Kukhona abangenazo izinkabi. Izwelithena li gangenwa abamhlophe kwasekushintsha konke ukuaamba. Umuntu ubengowenkosi ubengakwazi ukuholela omunye umuntu ngomhlabathi wenkosi. Ubengephuwa umhlaba lowo muntu kuthiwe uyaganga.

Ukuzikhethela umhlabathi. Umuntu uvunyelwe ukuba ahambe awubukisise umhlabathi, athi angayibona indawo aye enkosini
57 noma aqale akhulume nenduna kube iyona futhi emusa enkosini ukuthi ufuna ukwakha endaweni ethile. ~~Isik~~ Isibuza inkosi endumeni ukuthi ikhona yini indawo lapho efuna ukwakha khona.

Uma ukuthi indawo ya banye abantu isithumela inkosi ukubuza ukuthi bayamvumayini. Uma bengamfuni nenkosi ayenzi ngenkani isizothi akabuke kwenye indawo. Uma kuyisilomo bebemamukela ngokusheshа. Kodwa uma umuntu lowo kuwumfokazane ubengaphumeleli masishane. Omunye aze abekelwe iyo a induna indawo. Mayoke inkosi iyaye imbeke ezinduneni umuntu lowo ukuba abasojwe yizo abantu banga dlali ngaye.

58 Uma umuntu enikwa umhlaba kuye kuze yona inkosi izomqumela inkawo. Kuye kubizwe ibandla lelo lapho ezokwakha khona umuntu

Ra/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

lona nawanye amadoda ukuba u?akaze umasebebanga.

Kokunye inkosi ithu ele izinceku zayo ukuba ziyobona. Nayoke inceku ayihambi yodwa ihamba nabantu bokuyifakazela uma sekuvela amacala. Sekudwetshwa ugezikhonkwane lapho ezobeka khona umuzi wakhe sekufunwa nendawo yamanzi. Nezinkomo zakhe sezilo uhelwa indawo yokudla. Nendawo yokuhamba umaziya edlelweni nomazi yophuza amanzi. Nezinkomo zakhe sezibuhelwa indawo yokudla. Nendawo yokuhamba Umaziya edlelweni nomazi yophuza amanzi. Usebukelwa nendawo yokulima.

59 Uma kun abantu abayisiwe banikwe indawo ibalingene Kodwa umuntu uthola lamalungelo enkosini Uma inkosi ingavumi akanikwa no a ingakhona indawo.

Nayeke lomuntu sezothi angayithola indawo use misa izikhonkwane lapho mzi uzakuma khona. Use funa inyanga ukuba yelaphe isiza leso ngoba phela abathakathi bebethi bangabona ukuthi ukhona ozakwakha lapha bese befaka ezabo izikhonkwane nemithi usebathena uyakha lomuntu akasaphu eleli inzalo yake nomzi wakhe sekuphelela phansi. Kuhle bathi bayafika abathakathi bafumaniswe sekubethelwe ungabe sa gena umuthi wabo.
60 Kuye kuchelwe kuleyondawo yikhona umuntu ezobambeka uma ezoganga. Kuyakuthi noma sewakhile lomuzi isivuqinisa inyanga isithatha inkomo yaya isihamba. Wakha kanjalo umuzi. Umuntu akamane aphuhleke umuzi engalungisanga. Kuyekuthi kucakwa isiza bese kubethelwe lapho. Kukhona izimfamona ezingafaka idungamuzi umuke wonke unanzi lowo. Nasesibayeni kwenziwa konaloko kuyabethelwa ukuze abathakathi bangabulali izinkomo zomnumzane lowo.

Indawo uzikhethela yena umnumzane ebonisana nomuzi wakhe. Uthe elanda inyanga bese azi ukuthi.

61 Umanzi wami uzokuma kanjena. Nase Masimini indawo uyazibo ela yena umnumzane bese abela wona umzi wakhe.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s865

K13/21 22

Usebiza yona i.. a ukufaka izikhonkwane abathakat.. bangaphumelel.. ukubulala umhlabathi lowo. Sebezothi becaba abantwana sekubethelwe nakona emasimini.

Abantu abanandaba kakhulu ngokuh.o.a umhlabathi kodwa bayawazi umhlabathi omuhle olungele ukulinywa nonga lungele ukulunywa. ..o.a bengafani bonke kodwa bayazama. Nje ngoba ngisho..o umnumzane uyazibukela yena ebakiswa amange amadoda

62 .. ukuthi mansi indawo enhle ekulimeni omunye uyazibukela njena yedwa.

Into evama ukuhlolwa umnumzane uk.ma kwamasimu, kukhona amasimu amakhulu omuzi okwenza izingolobane. Wonke umfazi unensimu yakwakhe naye umnumzane uneyakhe insimu yakwabo. Uma eseqedile ukwabela umuzi wakhe n okwelamana .. kwabafazi bakhe usebuya eyohlela izivande. Amasimu makhulu wona kunezivande. Izivande amasimu okwandulelisa mancane kunamasinu. ..i lowo unesivande sakwakhe sokufula. Phela amasimu awafulwa wona. Kuye kufulwe kuzo izivande. Noma zi gaphe ela emlonyeni

63 akulutho ngoba umsebenzi wazo izivande.

Izivande zivama ukuba ngasekhaya ukuze bangahlupheki umasekusekwindla. zivama ukusondelana nawo amazalo. Amazala kulapha kuhluvayelwa khona izintanga. Wona avama ukuzungeza umuzi kulinywe zonke izilimo ezidliwa ekwindla. Amathanga, nomdumbula namasele.a. Kante awo umnmbila nemfe bayakuhlwayela ezalen.i. Amazala kulapho umuntu aqala khona ukuphuma ukulima. Kuyekuthi nembewu angayithembi bese uyilima ezaleni ukuze abone ukuthi iyavuma yinihande oyise emasimini ngo nyaka olandelayo.

64 Kukhona nesife. Izife zilinywa ezindaweni ezinamanzi lapho umuntu azosheshe athole khona ukudla. Zithi kazifane namazala. Kodwa zivama ukubasemasimini noma phezukomfula. Kulapho abantu beqala khona .. ukweshwama ukudla. Zonake zivama ukwazi..are kakhulu kunezivande.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s865

K13/21 23

Abanye bayafula kuzo izifulezo abanye abanazo ngaziningi bathole nokuvuma. Kuhlwayelwa ukudla kwasekwindla nakhona ezifeni. Izivande amasimu amancane. Nakhona abantu bathola ukufula ekwindla uma sekomile ezifeni nasemazaleni. Izife zilinywa njalo uma umuntu asibiyele kahle.

65 Indlela yokukhetha amasimu.

Kunyekuthi uma umnumzane nesizwe sakhe esenikwe indawo bese uyahlangana nalawo madoda akheline nawo bayokhetha indawo yokulima. Kakunye usuke ekhona noyiso lenkosi ukuzobabukisa. Amadoda uma indawo ibanzi kuye kubukwe indawo yezinkomo kuqala nezinde izimpahla lapho zizokwelukela khona. Sekubekwa indawo ebekile kahle sekuhamba abanumzane behlukanise amasimu Nalowo mnumzane unendawo yomndeni wakhe yencikane neyabanye. Nalowo mnumzane usezohlukanisela umuzi wakhe kuleyo ndawoyakhe. Sekuqunywa ngemithi ukuthi wena ugcina lapha. Umasebe lina
66 bashiyelane imuyele noma umngcele. Abanye sebethola izife khona lapho ezihosheni izindawana ezincane. Abanye bangazithokahle bacele kwabanye ukuba bababeke. Umuntu iminyaka embili kande am suse afake omunye.

Nalowo mfazi usezophuma azikeshele indawo azayoyilima uma omunye enendawo enkulu ingalinyiwe sekucela abanye kuyena abavumele uma esewufuna lowomhlabathi abazise kusekude ukuthi ngonyaka ozayo ngiyawu thatha umhlabathi wami. Kokunye kufike abantu abazokhonza kulona abna ababonayo ukuthi unomhlaba wokulima uma etha da ababeke. Kodwa uma ebeka um ntu ubenga
67 aniki eyedwa bekukhulunywa enduneni umuntu ubesuka ayokhonza enduneni esiwa uyena lomuntu avumelene naye. Ubenga mbeki njena m ntu ingekho invume yenduna yaleso sigodi . Lomuntu umnuntu walona omuse enduneni nayo induna isizo musa enkosini. Yingako abantu bebekhethana ngemindeni njena. Abantu kuqala indawo bebevinikwa yinkosi bese bezibo ela lapho izinkomo zabo zingaphumela khona nendawo yamasimu.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umuntu ubengazenzeli ubethola imvume endunenl nase madodeni njengoba induna yayinduna ngebandla. Amazala umuntu ubezenzela aduze nomuzi wakhe uma ikhona indawo. Nasematsheni umuntu ubeghwaya njena.

68 Uma abantu bekuba indawo yamasimu bebekhetha indawo eli ngileyo kuthi omunye athole engasematsheni lapho umuntu ube lima njena khona ematsheni awa ipilizele amatshe. Aye ngakhishwa njengoba namanjena sebawakhipha balungise. Umthetho wabelungu ukuhlela umhlabathi. Noma kwehlela kwakunganakwa lobo nokudla kwakuvela kubekhona kuwona amatshe lawo. Uma kusegqumeni wawungahlelwa futhi umhlathi ngani nezinhlahla zazisala zingaheshisiswa. Sekuthena kungafika abamhlophe sekuyaheshisiswa futhi sekuyalinyisiswa. Kwakumane kucentwe phezulu njena yinkani uma kufihleke inhlwayelo uma lalilile futhi.

69 Abantu babengawa nakile amanzi babethembele emvuleni evela phezulu njena. Uma libalele kwakufa amanzi ekhona. Loku kudonsa amanzi ngomsele into efike nabamhlophe. Futhi phela lalingaka baleli kakhulu izulu njengobaselenza namhlanjena. Futhi izinhlupheko zazingandile kangaka. Ingani abantu babephila nangezithelo zasendle. Nokudla kakhulu kwakungakabi bikho. Umakukhona izinkomo ubejabula umnumzane adele azi ukuthi i indlala ayisenakumphatha nabantwana bakhe. Izimhobe zaziwukudla okukhulu nomlaza. Nesigwamba umakukhona utshwala. Abafana balibale izinye amazane

70 nezinyoni nezinyosi kuningi ngaphandle kwaloku esengikushilo.

Nakoke ukuhesha kwabe kungewona umsebenzi onzima njenganamuhlanjena. Umuntu ubesusa izinswane kuthi izihlahla ezinkulu zisale njena kucishane kanye nokuhlwayeleyo. Isimanga kodwa kubekhona ukudla. Kwakuthi umuntu angaqhelisa bese uyashisa sengathi kuyakhanya. Uselima. Loku bekwenziwa ix wona amakhosikazi. Amadoda ayengenaso

R.1/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s865

K13/21 25

isikhathi sokwenza loku ngoba ayehuthwa njalo aphume nezimpi futhi. Kwakuheshwa ngazo izinkubazane. Kunabantu Ababezenza. Phela mabantu insimbi babeyazi ngoba nemkhonto yayenziwa ngayo insinbi. Nawoke amantombazane ayebasiza anina.

71 Kwazulu besingekho isikhathi sokuphendula umhlabathi nokulindela ukuthi kubole loko obekushiswa kuheshwa ubethi umuntu ehesha abelima futhi ayengokuthuthuka njalo. Loku akuhesha ensimini umuntu yikona abebiya ngako. Abuye enezezele ngamanye amahlahla. Uma sebevumile sebevula izintuba zokungena izinkomo. Nazoke izinkomo zazizivulela ezinye izindlela abuye azivale umuntu uma eselimile.

Uma sekuzohlwayelwa umuntu ubethatha umhlabathi wensimu enothile awufaze kweyakhe insimu ukuze neyakhe insimu inothe. Abanye abanomona sebeyibulala insimu yomuntu ngokuthatha wona

72 umhlabathi bawelaphe njengoba phela abantu bayakwazi ukutshuba unyawo limnye ngokuthatha wona umhlabathi lapho ahambekhona. Nayoke insimu babeyibulala kanjalo. Usebona umininyo ayisavumi insimu yakhe. Usezofuna inyanga ukuba yelaphe insimu yakhe. Noma elima umuntu ubeqaphela ukuba bangamubulali abathakathi, yingako amageja abefihlwa uma umuntu eseya ekhaya. Zikhona izintelezi nezikhonkwane ezazifakwa emasimini ukuze abathakathi bangeni lutho. Kuthi noma ethatha uhlabathi ingafi insimuleyo. Noma kudabula umuntu omubi insimi ingafi. Kwakungenjengamahlanjana lapho umuntu angasanaki lutho. Umuntu ohamba ensimini yomunye ubebukisiswa.

73 Nayoke inkhwayelo yakhe inahisiwa yelashwa futhi ngaphambi kokuba ihlwayelwe. Ukuhlwayelwa bekwenziwa ngamageja. Insimu ibingalali ngoba ubebukisiswa uminijo ukuthi uyavilapha. Beyilala ifusi uma umuntu lowo egula noma esenambile ingakanikwa abanye ukuba bayisebenzise.

Ku/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Uma esehambile ibipindela kulowo x owambeka. Uma anikwa inkosi ibibuyela kuyona. Bekungaziwa ukuthi umhlabathi uyaguga sekunjalo manjena. Bekwaziwa ukuthi bayibulele uma ingasenako ukudla insimu. Futhi izithe o bezingasaintshwa. Insimu yommbila bekuba eyo mbila njalo njena neyamabele kube eyamabele njalo. Loku ukutshintshanisa izilimo

74 uuthetho wabamhlophe. Ukunye okubangela abantu ukuba bangawushintshi umhlabathi yingoba babengenawo amasimi amaningi insimu yommlila yabe iyinye neyamabele kunjalo. Futhi inhlobo yezilimo babengajinakile kakhulu ngaphandle kwamabele nommbila eyikona kudla kwakuphambili kubantu. Lena enye inhlobo yokudla yabe ilinywa kancana njena ihlanganiswa nawo amabele nommbila. Izintanga zona bezithukuswa ekugcinani kwebala. Kanye namasolozi namadumbe nondumbula. Izimndumba zabezihlanganiswa nommbila namabele. Kante futhi x nawo amabele abehlanganiswa nommbila nemfe nembumbe. Asikho isilimo esilinywa ngasinye ngoba nezintanga bezihlanganiswa nemfi

75 Kwakuya ngokuthanda komuntu ensimini yakhe. Izinhlobo ezimmbili ezazingasileli ummbila namabele kante futhi amathanga abengasileli nemfe. Loku okunye bebekulima nje.

Ukuhlanganisa ummbila nezintanga bekwenziwa emazaleni nawo ungabi maningi ummbila lowo. Kwakuba izinhlangana njena ezigqagqene. Uma kusensimini enkulu bekufakwa ummbila kakhulu bese kufakwa uthanga ngalunye. Bekuvama izintanga zamabece nezamaswela emasimini.

Ubontshisi wona uyalinywa kanye nommbila kodwa uma kuwubontshisi nommbila bezingalinywa xx izintanga ngoba ziyenaba zemboze ubontshisi xg ungabe usabonakali ufe futhi.

76 <u>Ukuzila</u>.

Njengoba sengike ngasho ukuthi abantu bayazila ezintwni eziningi nakuko ukudla bayazila abantu. Kuyekuzilwe

R.1/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngjsho nendoda, namantombazane azile amasoka. Kuthi nabesifazane bazile uma beye eshintshini.

Umuntu wesifazane ubezila ukudla angakuphathi ngezinsuku uma eye emfuleni kukuphele lezo nsuku. Phela ubengeolile ngalezi zinsuku ubephekelwa ngoba nendoda ibithi uyidlisa amanyala uma eye emfuleni. Uma enge naye ongampekela ubezi phekela kodwa indoda yona athi ayiphekelwe abantwana. Ubengaphathi izinqolobane nokudla ubengakuvuli uma emi kabi
77 ubelanda omunye umakhelwane azomusiza. Phela naye ubazi ukuthi ngamhla waleko langa uyomoiza. Uma indoda inama khosikazi amaningi ibinga kuthini okwalomfazi oye emfuleni. Ubezila nendoda angathinti lutho lwayo ngalezi zinsuku. Ubengayi emasimini nangenkathi yokufula ubethumela. ubengahambi phakathi kwamasimu kuze kwendlule lezozinsuku zokuya kwakhe emfuleni.

Ukudla bokonakala yikaloku okuyjengamathanga amaselwa amaluce izindumba imbambe umdumbula ikakhulu okuthela ngaphansi. Bekuvama ukuthiwa uma kubola kuthiwe kwenziwa yingoba owesifazane akahloniphanga.

78 Wasesibayeni ubengangeni owesifazane uma emikabi ngoba ezinkomo zingafa zingandi futhi zizaoe zisheshe ukuwa nokufa. Njengoba ukudla bekuphathwa umantu wesifazane kodwa ubenake ela uma x esetshintshini. Yingako amanye amadoda amanye abephathisa abafana ukudla kwawo.

Umuntu wesifazane uma eshonelwe indoda yakhe ubengavunyelwe ukuhamba ngokubona emasimini. Kante futhi naphakathi komuzu x ubengavunyelwe ukuhamba ngokubona owesifazane. Bekuthi uma kulinywa alinyelwe yena. Amasimu akakhe abelala uma
79 engenaye umuntu ongamusiza. Uma enezihlobo yizona ebezimsiza zimlimele. Bekuthi nomfawabo ndoda acele abantwana bakhe ukuba bamlimele. Ubengahambi nase masimini. ngoba kwesatshwa ukuthi azokufa lawo masimu. Noma kuyisikhathi sokuvuma

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ubengaphumi ngoba usemnyama yena. Uma ehambe emasimini phakathi esemnumzane yama izulu belikubulala ukudla. Belileth isangetho sikubulale konke loko kudla. Abanye bebengafuni ukuba endlule eduze nawo amasimu ngoba ukudla kuzokonakala futhi izulu dikushaye kufe konke.

Yingako umuntu lowo ubehlala ekhaya aze aphumele phandle
80 uma esekhumulile izingubo lezo ezimnyama. Nokudla amasi ubengawadli aze aphumelele kulezo zinsuku ezimnyama. Ubengahlangani nandoda ngalezi zinsuku esemnyama ibiba nokufa kwendlu okungelapheki isifuba abathi mamhlanjena i(T.B) abamhlophe nendlu ibinga thuthwa ehlobo nanamhlanjena akuvunywa. Kante futhi ayithuthwa kusesemini ithuthwa ekuseni kakhulu noma ntambama ebusika kungakalinywa. Umasekulinywe ingabe isathintwa ngoba izulu liya bulala emasimini.

Loku kunjengo kuba umuntu ahambele emathuneni emini izulu
81 liyamosa akwenziwa, futhi umuntu akalahlwa emini izulu liyona emasimini. Zonke lezizinto beziqasheliswa. Umfazi lowo uben asondeli ezilulwini nasezinqolobaneni. Ubengakuthinte ukudla ngaphambi kokuba bammikele angazikheli yena.

Okunye uma owesifazanzu ebelethu enengane encane ubengaphumeli phandle kuze kuwe inongo yomntwana lowo kande aphumele phandle. Nokudla ubengakuthuntu lowo wesifazane nasemasimini ubengayi. Kunokudla okuzondayo uma kuhanjwe umuntu osenomntwana omncane. Njengazo izindumba izindlusu idata umdumbula. Bekuyaye kufe uma ehambe khona lona owesifazane. Bekuze kulandwe inyanga izokusebenza
82 kande kuvuke ukudla.

Kunjengo ufazi okhulumela futhi umasekweliwa musukwana kubulwayo ukudla ubengavunywa kuthiwe akahlale athule athi du ngoba ukudla kuzokonakala. Noma ekuhlwayelile ensimini bekonakala ukudla. Lapha ekwelemi bekusuka umoya omkhulu

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kungeleki kahle ukudla loko. Kufuneka abantu abathule ukuze nomo ya uhambe kahle.

Inga nentombi uma ikhulumela futhi bekuthimhlazane ichanguza libenonoya. Uma ukuthi ibidlela enkezweni yamanzi noma insizwa bekubonakala ngako ukuba liphendule izulu line kube kubi impela ngamhla lowo.

83 Nalapho insimu ilinywa bekuhlaniswa. Abantu bebe yiqala ngasethafeni babuye nayo bayilethe ekhaya ukuze nokudla kubuye ekhaya kungemuki.

Okunye obokuzilwa uma kushoniwe ekhaya bekungayiwa emasimini ngosuku lokulahla lowo oshonile. Bekuthi abantu bakuleso sigodi bahlale bonke hungabiko namunye owega lomthetho. Ubethola icala lokubulawa inkosi nokuzondwa abantu. Izihlobo zona noma zikwesinye isigodi bezizila zikwesinye isigodi ziwuyeke umsebenzi. Noma sesisidala isililo umuntu ubengasebenzi mhla ethola umbiko lowo wokuthi kushoniwe. Umuntu ongazilelwa uma kuphume isisu.

84 Uma izulu liwisile bekuzilwa futhi abantu bakuleyo ndawo bebengaphumi usuku lube lunye bekuthi ngelulandelayo baphume. Uma bephele lomthetho bebehlawuliswa. Futhi izulu beliphinda likubulale ukudla.

Nalapho uma kuvalwa izinyoni bekumenyezelwa kuleso sigodi ukuthi izinyoni zivaliwe. Abantu bebengagezi umzimba nobuso ngisho nezandla bebengazigezi. Futhi umuntu wesifazane ubeggahlangani nowesilisa. Umabehlangene bezonakala izinyoni lezo ziwadle amabele zingavaleki. No untu ozihambe layo ngendlela ubegijimelwa ukuba angagezi ngoba
85 zokona kala izinyoni. Okunye ubengavungelwe ukudlale ngoba aziyabuvaleka izinyoni lezo. bekumenyezelwa kuze kuphele izinsuku ezintathu kuziliwe.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Insimu njengoba ukungena ngesango kwabe kuyento enkulu, nensimi ibengenwa ngesango layo belunganganwa yonke bekunganganwa yonke i dawo njena. Noma umuntu eyohlakula ubengena ngesango noma kulilima bekugemva ngalo isango noma sek hanjwa kuphunywe ngolo isango lelo. Um ntu ofohla uthango ukethola icala kumnumzane umnini wensimu. Futhi umakuhlakulwa bezingashintshwa izindawo. Umuntu ebezaphume ensimini ehamba ngakuyo indawo yakhe. Noma kuvunwa bekuba
86 njalo umuntu aga agoine inuawo yakhe. Uma ephambanisa izindawo bekutuiwa uphambanisa ukudla. Futhi wenza ukudla ukuba kungandi. Kuujenokubauga umsinuo ensimini bekuba yinto engavunyelwe ngoba kwakwenza ukudla ukuba kungevi. Umuntu onomsindo noma kuhlakulwa noma kuvumva ubexoshwa uma kuselimeni. Nensimu ibiqalwa ngasetha feni ibuyiswe ekhaya. Uma umuntu eyiqala ngasekhaya eyisa ethafeni ubexosha ukudla ekhaya. Ubengavunyelwe ukuba enzenjalo umuntu. Ukuchama eduze nokudla okuthela phansi njengo mdumbula nama dumbe nokunye
87 umuntu a lowo ubejeziswa kuthiwe ukudla kuzobola kungathola iphunga lomcuamo wakhe. Noma efuna ukuchama ubesuka impela emyeleni wensimu abekude impela.

Umuntu ubengavunyelwe ukudla emile ensimini nokudla bekungalungi kahle. Umuntu ubehlala phansi uma edla ukudla. Futhi bekuthiwa nezi daba zommela loyo muntu kuhle umuntu ahlale phansi enulini noma ehlane uma edla ukudla. Nokuphuza amanzi umuntu a ubehlala phansi angaphuzi emile.

Ukunye ukuze amadumbe nemdumbula nokunye njengezintanga nezindumba bekungunywa uma kufinya ukuze kuthele kahle kwande.
88 bekuthathwa umuntwana oyiwele nomnye, noma umutwana ozotinle kuthiwe akanqume loku okufinyayo kancane phambili. Uma kungeyona ingane bekuthathwa isalukazi esidala kube yisona sizinqumayo. Nangempela zithele kahle. Kodwa uma zinqunywe umuntu ongalunganga bezibola ziphindwe zinqunywe futhi. Uma esezinquma ube gabeki ngemuva ayokulahla kude loku okufinyayo.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

njengogwayi nawo ukuze uthele kahle ubuthenwa uma usuqala ukuqhakaza, nazo izindumbe nembume beyithenwa uma isibalasa ukuze ithele kakhulu. Abantu abasha bebe ngavunyelwe ukuhamba phabathi kulezi izilimo ngoba zizobola imidumba.

89 Uma izulu lingani kwakukhonzwa uNomkhubulwane. uNomkhubulwane lona x yinkosazane. Yayingabonwa lenkosazane. bekuphuma abantu nenhlwayelo bahambe bayolima belimela yona inkosazane uNomkhubulwane. Nalowo aphume nehlwayelo sekuhlwayelwa khona lapho ensimini yenkosazane. Kwakuhlwayelwa. Kuthi noma kunila kukhule konke kanye kanye. Kwakungahlakulwa muntu. Kwakubiyelwa kahle impela ukuba kungangeni lutho lapho. Umuntu ontshontshile lapho kuleyonsimi yenkosazane wabe necala lokubulawa. Noma engavonwanga

90 umuntu wayephenduka uhlanya kwaziwe ukuti i wenze okungenziwa. Umuntu ubengazini eneli ngokuthanda kulensimu bekumemezela umnumzane oyinceku yenkosi naye esukela khona enkosini. Yonake inkosi yayicelwa abantu ukuba kwenzewe unomkhubulwane uma bebona ukuthi izulu libi nomalibalele.

Kwakukhula ukudla kube kuhle kuthi noma sekuvuthiwe kuyekwe njena. Okunye kuqedwe izinyamazane namagundwane. Kwakuthiwa inkosazane iyakudla lokudla.

Kokunye amantombazane aphume asiphule imfe emasimini uma izulu libalele. Ayethi esiphula emasimini akhale

91 athi "ngamabele obaba". Zoyoyilahla kuyona insimu yenkosazane. Kokunye babeyishisa bathathe nakhona ensimini yenkosazane kuyoshiswa ehlane noma ezintabeni. Kuthi uma eshisa amantonbazane akhale. Ayothi uma eseqedile abuye aye ekhaya nangempela izulu line izimvula ezinhle. Ngalolusuku ayehamba nqunu amantobazane. Um ntu ayengamnaki; uma kukhona x insizwa engaphambukanga endleleni oyeyishaya amantobazane. Noma engabulala lalingeko icala.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nayo yayisinda ngokubaleka. Kanti futhu yayithola icala elibi enkosini. Yayibulawa. Kwakunamaculo ezaziwacula
92 izintombi ngalezi zinsuku zika nomkhubulwane:.

Aphela amabele x obaba
Obaba bafa indlala.
Amabele obaba.
Maye! Maye! Maye!
Bafa ngamabele.
Aphela amabele obaba.

Kuthiwa izulu lalina zithi zibiya izintombi bese liyana izulu. Kunesigubu esasihlala endlini kanomkhubulwane inkosazane. Yisona lesi okwakubona bala ngaso noma lizokuna izulu. Phela eduzane nensimu yenkosazane kwakukhona indlu yayo inkosazane. Kwakuba ixhiba. Abantu uma sekuvuniwe babesakhona ukudla kwenkosazane. Notshwala babuasiwa khona lapho. Kuyobongwa kuyona inkosazane. Lesisigubu sasibana manzi ahlala
93 kuso. Lobutshwala babuphuzwa yilonuntu ofukene lapho kuleyo-ndlu. Lomuntu ubekhethwa inkosi ngokulunga mangobudala bakhe. Ubengafukani umuntu osemusha. Umuntu osegugile obefukama. Nawoke lamantombazane abedlula kuyena ukuyocela imvula. Uma ebona isigubu ukuthi sesiyafoma abatshene bahambe masishane. Nebala kuye ngomlomo wakhe. Nayeke kuthi kungaphela umkhosi lona aphume kulendlu afukene kuyona. Noma kunomhlola omunye yayivakashelwa inkosazane.

Uma sekuzoqalwa ukulinywa kwakusiva imbewu enkosini iyona lembewu ezosiwa ku nomkhubulwane isiwe uloyo ozofukana.
94 Kwakungaphunywa ukuyiwa emasimini angakaphele lomkhosi. Kwakuqalwa ngayo insimu yenkosazane. Besekuyiwa kwamanye amasimu. Kulinywa insimu yenkosazane njena ufukeme lona omdala okuye a osinhlwayelo kuyona inkosazane.

Emva kokuba isilinyiwe insimu yenkosi abantu sebephuma bonke. Phela amasimi ayevama ukuba nganxanye ehlubane ngemingcele, kube umashiywa.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuthi umasekumilile ikakhulu enkaseni yezimpunzi neyezindumba, nokunye kwalaluhlobo, umame noma ubani wayengangeni njena ensimini aqe inksa yaloku esengikushilo ngoba yayingatheli

95 uma yeqiwe. Nazo izindumba nembumbe kwakubola uma kuthi kuya thela. Umuntu ubeyiphenya kahle inbasa lena bese uyedlula khona. Okunye futhi izindumba nembumbe kanye nomdumbula kwakungakhonjiva ngomunwe. Yonke inkhobo yalezilimo ibingakhonjwa ngommwe ngoba iyabola uma umuntu eyikhombile umuntu ubethi noma eyikhomba fumbathe inqina bese uyayikhomba Uma eyikhombe ngomunwe yayingahlanzi futhi ingatheli nakancane. Noma ithi iyathela kubole. Yingako kukhona isiga esithi:.

"Ungangikhombi ngomunwe avakhomba ifusi lalala" Nensimu

96 ayikhonjiwa ngoba ayibi nako ukudla uma umuntu eyikhombile. Nomuntu uqobo akufanele umkhombe ngomunwe. Usuke umethuka uma wenze njalo.

Uma umuntu wesifazane efula ensimi i uthatha isikela neqoma bese uyofula. Uma efula kaphiki ngokuhluba nje. Umuntu uqala ngokusika ummbila nohlanga k lwawo nasemfeni enze koma loko. Okunye kuyagunyulwa njena nyenga matuanga namaselwa. Uyothi uma esezisikile izinhlanga aye phakathi nensimu lapho enzakhona iziko lok fula. Usebeka phanzi umumbila nezinhlanga zawo esewuhluba manjena. Izinhlanga sezisala ibibi elik ulù njalo ufulela lapho. Noma esika izi-

97 nhlanga uyacwaninga ahambe ekhetha ummbila omncane. Futhi akufanele kubonakale lapho abefula khona ngoba amasela angasizakala angene ngalelo nxeba lakha.

Okunye bekuthi lapha sekusekwindla abantu bawafihle amakhasi imfe noma awani. Abethathwa amakhasi emfe aboshwe isithungo ahlonywe endlini kuthi namahleza ak ahlonywe endlini. Kuthi ngelinye ilanga umasekomile kuphengwe ngawo amakhasi emfe lana amahleza won kubaswe ngawo.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kwakufihlwa ukuze abanye bangababulali abalanabayo. Inhlwayelo yemfe yayi phanyekwa khona endlini engahambi muntu. Noma
98 eyofula owesifazane waye ngahambi abala yingako abanye babefula selibantu bahle abantu bangasandile.

Kwakuthi abantu aveluka izinto zabo ngotshani njengoloku:- isundu ilala uqondo, ini.i nokunye kokweluka bebenqatshelwe ukukusika ehlobo. Uma kuthuke bal sika uhlaza lolu babengavunyelwe ukuhamba ngase masimini nalo. Babelusika balweneke khona lapho luze lome. Umaselomile angalubuyisa ekhaya umuntu kodwa angahambi ngase masimini. Phela bekwaziwa ukuthi uhlaza emasimini luletha izulu nesangqumo sibulale ukudla.
99 Ekhaya kubanga izulu ukuba lingene umaliduma ekhaya. Bekuyinto eyesatshwayo leyo kakhulu.

Okunye uma umuntu elapha amasimu akawelapha abanye bebe ayonyoba bengabomva bathathe umhlabathi wa lona awelaphile ensimini yakhe bawuhle bawuthelekwawobo ukuze anothe nawo. Okunye bebewubulala umhlabathi wabanye. Yingako umuntu abengavunyelwe ukuchama ensimini ngoba bazothi uma bebulala insimu bese bebulala naye.

Umuntu uma ephethe isikhumba sempfu noma sembabala eyoshunqisela emasimini akhe, ubebatshena nalaba amasimu aboencike kulena eyakhe, ukuze nabo bashunqisele awabo amasimini.
100 Uma engabatshenanga amasimu abo ayefa angabi nakudla.
Uma emasimini kukhona inhlava bekukhiwa loku okunenhlava kuhanjwe kuyobekwa endleleni ukuze abantu bakweqe. Uma bekweqile kuthiwa bahambe nayo inhlava.

Kukhona nezinye izilwane ezazihlupha emasimini ngaphandle kwezinyoni nezinyamazane bekufika isikhonyane. Asiqali njengoba kukhona abelungu ukufiba kukhona abelungu masendulo besifika emasimini. Sonake besibanjwa sidliwe sigazingwe eziko Izinyanga bezehluleka ukuselapha. Ngalowo nyaka bekuba yindlala kubantu. Bekushaywa namathini kubangwe umsindo uma sixoshwa.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

101 **Ukuhlakula.**

Ngengoba isizwe siphilela yona inkosi siyayilwela siyifele
futhi siyithathele nenkosikazi kubakhona nayo insimu yenkosikazi
leyo. Kuthi umasehlakulwa kumenyezelwe yizo izinceku zenkosi
ukuthi akuyohlakulwa insimu yenkosikazi. Kuye kukhishwe
abantu abahambe bememezela emizini. Naleyo nduna ikhipha
abantu bayo bamemezele kubantu bayo. Kuthi nabengazwanga
ngezithunywa lezo sebezwa ngabanye ukuthi seliphumile ukuthi
akuyohlakulwa insimu yenkosikazi. Wonke umuntu uyazazela ukuthi
uncecala uma engayi lapho. Kothi uyacasha zimbone izinduna
102 ngoba bezizimingi nazo ngemisebenzi yazo. Asazophuma amakhosikazi
eyohlakula. Avama ukuhamba ngamaningi phela alala ... etshe-
lene ukuthi kusasa siyakwankosikazi. Nabaqhamuba kude bayaya.
Kuvukwa ekusene kakhulu nalowo ethwele igeja lakhe. Bayafika
njalo bafumanise sebekhona abanye phambili. Kuyekuculwe uma
kuhlakulwa. Basuke bebaningi. Bayingene ngasethafeni baye
nayo ngasehlaya. Kokunye ayibi yinye insimu yenkosikazi
abamaningi bese ehlukana ngezigodi zawo nangezinduna zawo
amakhasikazi. Nalabo buthi bangaqeda eyabo bayeke.

Umuntu ebehamba ekuseni ashaye indimana abuye eze ekhaya
ayohlakula awakhe amabimu. Ubengahlali lize libesemini uma
103 esheshile ukufika ensimini lapho. Kunezinduna ezihlolayo
nezikhumula abantu ngokufika kwabo. Ukudla bebekuthola ema-
khaya abo. Bekuthi uma amasimu enkosikazi esephelile bese
bayahlatshelwa abesifazane izinkomo ngoba baningi kuphuzwe no-
tshwala. Kodwa inkosi uma incishana noma kuncishana yona
inkosikazi leyo kube inkomo yinye njena. Utshwaba bebezi
phathela emzini wabo. Bekuqalwa ngokumenyezelwa ukuye
bakwazi ukuzenzela utshwala. Nayo inkosikazi uma iphana
ibibenza utshwala kubekuhle kusinwe futhi.

Izinduna nazo bezenzelwa abantu bazo, ngokuthi bayayeleke-
lela njena. Nokubiya ibibiywa isizwe eyenkosikazi insimu.

R'/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

104 Alikho icala noma emuseiwa impahla uma engabilanga umuntu.

Bekuba nezinyanga ezelapha ukudla ukuze kungabulawa abantu abanomona. Noma kwendlula umuntu onemithi emibi kungazondi ukudla kona. Okunye izinyanga bezivikela ukudla engozini yezulu umaliza kabi ekhaya noma emasimini. Uma izulu liza nesangqumo noma livisa amatshe noma linesiphepha belelashwa kuqala. Bekulandwa izinyanga zezulu ezibethelela wona umuzi ukuba zizobethelela nawo amasimu. Loku kwenziwa uma sekumilile emasimini. Izinyanga ziphume zifinye amafindo emasimini zizungeze wona amasimini. Lamafindo amindwa ngezinsi-
105 zi. Abanye ngaphansi ukhona sona isikhonkwane sinduwe ngazo izinsizi zezulu. Nemunye umuthi wokwandisa ukudla wonake ubushunqiswa kubekiswe ngaku wona amasimu. Loku kwenzelwa ukuba ukudla kube mnyama kubukeke kakhulu kungasheshi futhi ukuzonda noma kwendlule umuntu omubi phakathi kwako. Bekuyinto eyaziwa kakhulu kubantu ukuthi insimu iyabulawa. Nomuntu ubengovonyelwe ukuchama ensimini ngoba kwaziwa ukuthi bazombulala lowo muntu. Amasela nawe abelashwa. Bekuthathwa izinyawo zalowo muntu noma kuthathwe amacazela lapho abedlela khona. Uma kuwumbila bekwelashwa uhlanga adle kulona. Nebala umuntu usevuvuka umlomo
106 noma izandla ngoba anganga emasimini abantu. Abantu bebesaba ukuya ensimini yomuntu ngeleso similo.

Nezinyoni bezelashwa. Nanamhlanjena ziselashwa izinyoni. Zelashwa uma zidla amabele uma esekhahlela. Uma engakakhahleli ziyacushwa lezo ngobazinyoni ezinkulu eziqwandayo. Njengamaseme, izimpangele namagwababa nezinye zaloluhlobo. Zicushwa ngawo ummbila noma amabele. Ziningi izindlela zokucupha izinyoni nezinyamazane. Kucushwa ngogibe nangenomfi kanye nezifu. Abanye bazilinde umasezehlule izinyamazane nezinyoni.

Uma ukudla sekukhahlele bekudliwa amakhoba azo izilwane bese ayalunjwa. Nange upela izinyamazane nezinyoni sekubaleka
107 kungalindwanga muntu. Uma kwenziwe umuthi wokuvala izinyoni kuziliwa izinsuku ezintathu abantu bangawa sebenzisi amanzi

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ekhaya. Kuthi kungaphela lezo zinsuku bese ziyavulwa izinyoni. Azisabuyeli izinyoni emasimini.

Uma kulindwa kunezindlu amaxhiba akhiwayo emasimini. Lamaxiba aqala kungalinywa ukwakhiwa ngoba zikhingi izilwane ezidla ukudla njengezinkawu, nezimfene nezingungumbane kanye nezinye njenge mpunzi namaqhina. Umasekusebusuku bekuphuma amadoda nemikhonto ayolinda. Abesifazane balinda emini kuphela. Lamaxhiba yiwona baphumula kuwona uma izinyoni nezinye izinyamazane kusa balekile. Nokudla bekuphekelwa khona lapho.

108 Nezinsizwa bezazi ukuthi kulinda izintombi bese zoyokweshela khona lapho emaxhibeni lawoemini kodwa. Kuyoze kuvunwe okunye kulindwa. Phela izinyanga ziyavama ukwehluleka bese zithi umuthi wazo woniwe ngoba awusebenzanga. Uma umuntu wesilisa ehlangene no wesifazane ubuwo lakala umuthi bekuziiwa konke loku.

Njengoba sengishilo ukuthi izinyoni ziyalindwa kanti futhi ukungamosi emasimini. Umuthi wazo ukwelapha amazela noma amakhoba. Kuyekuthathwe ixoxo libulawe besekuthathwa wona amakhoba esexutshwaniswa nomuthi lowo sekuziiwa izinsuku

109 ezintathu kushunqiswa emasimini kufakwe wona umuthi lona.

Ukuze uambiia noma izindumba nokunye ukuze kumgadliwa umsunenya kuye kuthakwe inkewu nomuthi kanye nomlotha uma kuyohlwayelwa. Nangempela umswenya wehluleka ukudla. Kuthe uma udla kuthelwe wona umlotha esiqwini sesilino leso.

Umuthi wezinyamazane awukho ngaphandle kukashevu uma umuntu ezoninda wona ushevu ithi ingadla inyamazane bese ivafa. Abanye bayzicuphu. Nawoke amsela afakelwa wona ushevu abulawe uyena. Abanye babenoza giga abanye nesitubamnwane ukuze bagule besabe ngomuso ukuyoganga emasimini abanye abantu. Isitubamnwane siyelapheka sona.

110 Uma umuntu ebanjiwe entshontsha ukudla emasumini ube banjiwa ajojwe ngezinti ukuze bonke abanye abantu besabe ukuntshontsha. Omnye usiwa enkosini iyona esizothi akabulawe noma abulawe

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

nomuzi wakhe wonke. Omnye abulawe yena yedwa isinde inza o yakhe. Umuntu ontshontshayo ubebulawa njengomthakathi. Abantu bebesaba ukuntshontsha njengoba bebesaba ukuthakatha.

Kuningi okwenziwa ngokudla ukuze kukhule kahle. Kunezinyanga ezelapha ukudla. Umuntu ubebulawa ukuze kwelashwe ngaye ukhudla. Bekufunwa insizwa noma indoda emnyama ibulawe.

111 Uma ibulewe isizocuywa manjena indoda lena kuthathwe umuthi uthakwe bese uxutshwa nembewu leyo. Sekuthi uma sekuyohlwayelwa imbewu ikuba ikhule kahle. Kodwa lokukudla kuyabulala uma umuntu ekudlile kuhle naye lomuntu akhothe izinsizi lezo.

Ukudla umasekumilile kuye kubizwe zona izinyanga lezo zizoshunqusela ukudla. Lomuthi wenza ukudla ukuba kukhule kahle futhi kuqine kungadliwa imbovane nezin e izilwanyane ezincane eziphehla ukudla Yingako izinyanga zazinodumo Lubantu bakuqala zazinothile futhi zona. Miningi imithi yezinyanga zasendulo

112 engasaziwa manjena. Ukudla bekusetshezwa kakh lu impela. Nanamhlanjena amaSwazi asobonjeni asababulala abantu efuna umuthi wokwelapha ukudla. Kuye kufunwe umuntu omnyama.

Ukufula nokuvuna:-

Lona omunye umsebenzi onzima owenziwa abantu besifazane. Njengoba izindumba nembumbe kushesha ukuvuthwa umuntu lowo uyaye ahambe ayothola imvume enkosini, uyaye atshene induna yakhe kube iyona imendlulisela phambili enkosini. Inkosi isizomtshena isu lokuwuna loku afuna ukukuvuna. Uma kuyimbumbe nokunye okunyengawo umuntu uyakusiphula nezihlahla zakhona

113 akubeke inqwaba esihlahleni phezulu noma endaweni lapho amagunwane nezinye izilwane zingesheshe zikunose. Abavungelwe ukukubula lowo m muntu kungakabi yisikhathi. Noma ekuntshontsha wenza into encane anga bonwa ngoba inkosi ingamubeka icala lowo muntu.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuyakuthi noma sekuvuthiwe ukuba kudliwe umuntu wonke eshwamise inkosi kuqala. Akavunyelwe umuntu ukudla ukwundla inkosi ingake shwani. Kuyekuthi uma inkosi ж seyishwamile kwenziwa udoloqina bese bayakudla bonke abantu ukundla. Kungumthetho ukuthi wonke umuntu aqale ngokweshwamisa inkosi.

114 Noma sekuvunwa umuntu abavunyelwe ukuvuna inkosi ingakamemezeli ukuthi abantu sebangavuna. Kuye kumenyezelwe bese kuqalwa ngayo insimi yenkosi leyo okwaqalwa ngayo ukulima. Umuntu uya kanye nayilowo enze indinyana. Uma isiphelile insumi yenkosi wonke umuntu usezo vuma eyakhe insimu. Kuyakuthi uma esebula bese uhambisa loko akubulayo nge siqebetho ayokwethula enkosini kande akufake ezinqolobaneni zakhe.

Ziningi izindlela zokuvuma imbambe. Abanye bayayisiphula nezihlahla zayo ama kungakabi yisikhathi sokuvuna. Uma sekuyisikhathi kuye kwenziwe izehlandla sokuquthulela inidumba ukuze

115 ibohlokele khona ingamoseki. Noma umuntu eseyibula useshaya phezu kwezihlandla lezo Lomsebenzi wenziwa amakhosikazi amadoda awawenzi wona. Nezintombi ziyabasiza onina.

Phela inkhosi ikhona yona lena yokweshwama. Umasekweshwama kuye kuthathwe ukudla okusha emasimini okungengakanini. Nalowo uzokwenza njalo emsimini yakhe. K Sekusiwa lapho inkosi izowo guba khona lomkhosi. Uvama ukwenzelwa ezintabeni. Awenzelwa emakhaya. Kuyakuthi uma kuyiwa lapho nenya nga ibekhona. Iyona phela azokulungisa loku ukudla. Nabantu sekugcwala. Kuzaku phekwa Kuthi umasekuvuthiwe sekunikwa bona abantu nayo inkosi isikutholile okwayo. Kusuke kuphekwe

116 k nemithi. Sekusuka yona inyanga ishaya emadolweni kuwo wonke amalunga ayo ithi, "doloquna" Nayoke inkosi iyamenza udoloqina. Nabantu sebezokwenza njalo. ~~Nabantu sebezokwenza~~ Okuseie lapho kusina komkhulu. Ngemva kwaloku wonke umuntu uvunyelwe ukuzifulela ensimini yakhe ngokuthanda kwakhe.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ukufula umuntu akavunyelwe ukubonyula ukudla, loku phela isenzo samasela. Umuntu uyaye abe neziko lapho afulela khona ensimini. Naleli ziko akufanele libonwe abantu kuba ukwazi kwakhe umuntu lona ofulayo. Izindumba nembumbe akufulwa khona, kuyavunwa kuphela. Ummbila ofulwayo nemfe,
117 namaselwa, namathanga, nokunye kwaloluhlobo.. Ukuzila uma izulu lenze kabi lawisa izimbuzi ezimhlophe akusetshezwa ngalolusuku. Nomakuhlakulwa noma kuvunwa. Kodwa alivami ukuwisa ngenkathi kuvunwa. Uma kushoniwe komunye umzi akusetshenzwa ngelanga ambelwa ngalo. Kuyazilwa sonke isigodi siyazila ilanga libe linye. Noma kuvumntwana kuya zilwa. Uma kodwa kushone kubelethwa akuzilwa. Uma futhi kuphume isisu akuzilwa futhi. Abanye bezinye izigodi abazili ngaphandle kuyizihlobo zakhe lowo oshonile.

Umuntu uma ephambene nalomthetho unecala elikhulu enkosini lokubulawa. Usuke ~~xx~~ uvumthakathi lowomuntu othi abanye be-
118 khala abe ehleka. Noma angabulawanga kodwa uyahlawuliswa yena ngesenzo esibi . Nabantu bonkhe bamubuka bamesabe. Abosemzini lowo lapho kushonwe khona bangabe besahambelana naye ngoba uwumthakathi ubabulala. Kuhle umuntu ayokwelekelela noma engabizwanga ~~xx~~ ukuze naye bamsize. Uma engabasizi abanye naye abanakumsiza ngalutho noma esosizini.

Ukudla kwakusiva enkosini uma insimu yesizwe ibulewe ilanga. Sekuzophuma izihlelo zokudla kungabuliwe kusiwe kuyona inkosi. Omunye umuntu ubengaphiwa, ubephila ngokuzethekelela yena kwabanye abantu noma ayovunisa komakhelwane bakhe nasezihlobeni
119 zakhe. Uma sekubulwa emasimini. Njengoba imbumbe lena kusuke seku dala yavunwa iphanyekiwe emithini, ~~kmxx~~ kuye kulungiswe isiza lapho izokulelwa khona. Kucentwa ibala elihle endaweni ezinzile . Liyelilingane lingabilikhulu kakhulu. Lomsebenzi wenziwa yibo abesifazane. Uyaye ameme



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s865 K13/21 41

umuntu abanye omakhe wane bakhe bazomsiza. Yena usebenzela utshwala.

Sebethi bangaqeda sebesinda futhi. Uma bengaphumeleli ukuwuqeda kanye lomsebenzi sebuwenza ngelinye ilanga. Phela uma eyeuwa kumthatha izinsuku ezinlngi ukuqeda. Abanyeke baya zenzela labo abanemindeni eminingi. Nakhona kuya menywa kwenziwe utshwadlana.

120 Ukugcinwa kokudla.

Kuyekuthi ukudla okungabulwanga kufakwe ezinqolobaneni kona. Kulindele ukuba kudimde kuthathwa ngakunye kubulwe. Nazo izindumba ziyafakwa ngezihlandla ezinqolobaneni. Uma umuntu efuna ukupheka zona usede ethatha ngazo izihlandla abulele khona endlini usepheka okulingene okusalayo lapho usekufaka ezimbizeni. Noma engakabuli umuntu kodwa uboshiwe ukubula okwenkosi akuse kuyona. Okwakhe usede ezibulila njena. Kodwa kuyahlupha uma ukudla kungabuliwe ngoba kubanga amagundwane.

Izindumba nembumbe akufakwa emgodi i kona kuye kukhandwe
121 izilulu ezincane kufakwe khona. Amavila akufaka ezimbizeni endlini. Imigodi yenzelwa amabele nommbila kuphela.

Uma ukudla sekugcinwa ezinqo lobaneni noma emgodini noma ezimbizeni kuye kuthathwe untsangwuni kwendlalwe phezukwakhe yenake unephunga lokuxosha izilwane ezingalimaza ukudla. Nowake umlotha awushiywa ukuvimbela zona izilwane ekudleni. Wona uye uxutshaniswe nokudla loko. Abanye bathatha eminye imithi exosha izilwane.

Uma umgodi usiwaliwe kuyahloniahwa akuvunyelwe ukuba wonke umuntu asondele kuwona. Uma inkosikazi iye emfuleni ayivunyelwe ukusondela emgodini. Uma unomntwana omncane ayi-
122 vunyelwe ukusondela emgodini.

Imbumbe yona kanye nezindumba akumbelwa engungweni kwenziwa izilulu ngotshani zibe njengo bashet abakhulu.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Zazibekwa emagumeni lapho kungahambi kakhulu abantu abangalungile. Uje ngaye owesifazane oye emfuleni nomunye onengane encane. Abanye bazibeke phezulu emithini lapho kungavami ukuhamba abantu abangalungile. Babeziphanyeka ngazo izilulu. Abanyeke babe zifaka ezimbizeni emsamo. Ezimbizeni ezingenzilutho kakhulu. Njengezimbiza ezindala. Noma esezinezimfa zingasabulungele utshwala.

123 Yinto esheshayo ukubola lena izindumba nembumbe uma abantu behamba phezukwakho. Kufuna ukunakekelwa ukuze kuphumelele. Abanye bebeziyeka khona emithini ngezihlandla ezibulwe ngazo.

Nazoke izindumba nayo imbumbe kuya yekuhlanganiswe nawo umlotha ukuze izilwane ezincane zinga kumosi. Okunye bakusonge ngayo insangwini yena unephunga elibi nezilwane sezizokuzwa iphunga zingasondeli embewini leyo. Noma umuntu afakhe ikhasi lakhe unsangwini. Kodwa iphunga lakhe aliphel masishane liyephuza ukuphela yingakho njena abaningi abawufuni unsangwini.

124 Kuyakuthi uma izindumba zifakwe embizeni bese umuntu eyeboza kahle sengathi kusengungwini. Kuye kuthathwe ubulongwe esiba yeni umuntu usevala nabo asinde kahle impela ukuba kungangeni lutho phakathi usuke esewufakile umlotha naye unsangwini. Akuvunyelwa ukuba kungene amanzi noma ukuswakama embizeni. Uma kungangalo zingabola izindumba noma imbumbe.

Kuyakuthi uma umuntu esola noma ezwa iphungalazo izindumba usezivula azihlole kahle. Uma zoma nala usezikhipha azeneke zishaywe umoya. Uma sezomile usebuye ezivala kahle. Abanye banameka ngebumba ukuba zingangenva izilwanyana. Uma kuyisilulu
125 benze isidlidli bemboze ngaso. Uma kuyisilulu kulula umuntu ukuba ade ehlola njalo. Kodwa akuvunyelwe umuntu ade engama ukudla ngoba kuthwa kuya phela kuqedwe amehlo omuntu.

R/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umuntu ubeh ola ngalanga uma esola. Kakhulu uma izulu selina. Ukudla bekugcinwa ukusukela ekuvumveni kuze kulinywe. Uma kuyinala kuze kuphele unyaka izinqolobane nezilulu ezinye zingakathintwa. Bekwenzaka umuntu athi uyahlola afumanise amagundwane esemosile kakhulu, okunye sekwakhunta kudala.

Kokunye abantu bebethi inhlwayelo ilungile kanti ayilunganga. Inhlwayelo enluphayo eyasemgadini ngoba enye ivama ukungamili.

126 Imbewu enhle efakwa ezimlizeni ide ihlolwa ukuthi isalungile yini. Kwakunga nakwa ukuthi imbewu incane noma inkulu. Ingqobo uma imbewu ivuthiwe umuntu ubethi yinhle. Futhi abanye bebebona ngensimu yenkosazane ukuthi imbewu yabo ilungile. Phela bebethi bephuma ibe seyimilile yona.

Uma imbewu iphehliwe babenga ihlwayeli abantu ngokwazi ukuthi ayinakumila yona. Imfe nommbila imbewa yabo ibilengiswa noma ihlonywe entuthwini ukuze ingophehlwa. Nakuzo izincumba nembu ibe bezilungiswa ngamaqoma endlini ebaswayo. Leyombewu

127 ebivana ukumila. Phela umuntu ubebeka ukuthi inaso yini isibindi noma isé lapho izoqhuma khona, uma ingenako loku ubeyiyeka ahambe efuna kwabanye abanayo. Abanye bebethatha imbumbe ingabuliwe emdumbeni wayo bayelukele izihlandla bayiphanyeke ngazo kulendlu ebaswayo. Kuyakuthi uma selethwese ihlobo ba ibule bayilungise. Phela imbewu ayihluphi ngokweliwa yona.

Uma umuntu angabonaze ase imbewu ensimini yenkosazane bekuthi noma ingamili kuthiwe yenziwa yikoloko yona. Yingako womke umuntu ubeyisa imbewu lapho ensimini yenkosazane.

<u>Ukugcinwa kwamathanga</u>.

Amathanga lana wona yinto evama ukubola. Bekuthi uma

128 sekuzovunwa omamab bese benza izilulu ekhaya namaguma nezibuya. Izilulu ezommbila nomabele okubuliweyo. Amaguma awokubeka amathanga namalence kanye namaswela. Abakhuthele

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s865

44 *

K13/21

bebekubona kulihlazo ukubeka ukudla emagumeni . Ukudla okubonwa ngabantu futhi nezinkukhu zingakucofa uma kusobala kakhulu. Nezingane zidlale ngako. Ukudla okunjengamathanga kugcinwa ezibuyeni lapho kuzothola khona umoya kungasheshi ukubola.

Izibuya zenziwa ngoqhunga nangezintungwa kumbelwa umsele bese kuya shuthekwa. Kwenziwa njengamaguma. Abanyeke amathanga

129 bawafaka ngaphansi kwenqolobane athole umoya. Awafakwa amathanga ezinqolobaneni ngoba kuyashisa khona. Nazoke izinqolobane zinhlobo ningi ngoba ezinye zibaphezulu zenziwe ngemithi emide emide kube nezitembisi zokukwela khona. Abanye bayenze omthuluzi omude bese benza isitebisi sokukwela. Nawoke amathanga aphanyekwe phezulu enqolobane nilapho kuphole khona.

Kwakwenziwa nezinyango. Inyango yenziwa exulbeni noma endlini ezinsikeni zendlu. Laphoke kuvama ukubekwa khona imbumbe nezindumba nezindlubu, X nomgomeni kanye namantongomane. Yonake iphatha kahle ngoba ayibolisi. Nembewu ivama ukubekwa khona enyangweni. Iyona abantu babeyithanda kakhulu ekugcineni ukudla.

END. 865.

RM/

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.